# Hillcrest High School

IsiZulu 1st Additional Language
Ukuhlolwa kuka-Agasti 2013
Ibanga leshumi nambili (Grade 12)
Iphepha lesithathu (PAPER III)

**Isikhathi: 2 amahora** **Umklomelo: 100**

**Qaphela:** Fundisisa lonke iphepha ngaphambi kokuqala ukuphendula imibuzo.
Musa ukuxova imibuzo.
Phendula ngesiZulu esivumelekile.
Bhala ngobunono usebenzise ubhalomagama olusemthethweni.
Bhala ngobunono.

Leli phepha linamakhasi ayi-7.

**IVIKE MFUNDI !!!**

## ISIQEPHU A

### INDABA

1. Khetha **ISIHLOKO ESISODWA** kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni angama -190 kuya emagameni angama – 240.

1.1 Bhala indaba ezogcina ngamagama athi, "Nginjenjenje ngazenza mina". **(50)**

**NOMA**

1.2 Ngokubona kwakho njengoba izwe laseNingizimu Afrika selathola inkululeko sisekhona yini isidingo sokuvota? **(50)**

**NOMA**

1.3 Ubuhle nobubi bokuthanda ukulandela (follow) impilo nezenzo zabangani bakho. **(50)**

**NOMA**

1.4 Ukuzala ukuzelula amathambo. **(50)**

**NOMA**

1.5 Buka lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba. QAPHELA ukuthi indaba yakho uyinika isihloko esihambelana nesithombe indaba yakho. **(50)**

**NOMA**

## ISIQEPHU B

**2. Khetha ISIHLOKO ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni angama-80 kuya kwayi-100.**

**2.1** Ukufa kufika singalindele sonke. Umalume wakho unishiye ngokukhulu ukuzuma (unexpectedly) lokhu. Umalumekazi wakho ukucele ukuba ubhale UMLANDO KAMUFI ozofundwa ngosuku lomgcwabo.

**(30)**

**NOMA**

**2.2** Umngani wakho obehlala phesheya uzoyobuya ngalawa maholilide. Ukucele ukuthi umphekele isidlo esehla esiphundu mhlazane amukelwa ekhaya. Bhala IRESIPHI yesidlo okhethe ukumenzela sona ngalolu suku.

**(30)**

**NOMA**

2.3 Usukhathele ukubuka ikhansela langakini lidlala ngezaguga zendawo. Usubone kungcono lolu daba ulunekele izwe ngokulushicilela ephephandabeni. Bhala INCWADI ozoyithumelela kumhleli wephephandaba.

(30)

NOMA

2.4 Abafundi bolimi lwesiZulu esikoleni sakho bebenze umcimbi obizwa ngokuthi "IsiZulu Evening" . Umphathi womnyango wesiZulu ukucelile ukuthi umbhalele UMBIKO ngalo mcimbi.

(30)

NOMA


**2.5** Emva kwentambama emnandi nizidlalela nabangani bakho enkundleni yezemidlalo, endleleni ebuyayo nibanjwe inkunzi. Nisuke lapho nayobikela amaphoyisa. Bhala INGXOXO phakathi kwakho nephoyisa ebelikubhalisa isitatimende. **(30)**

**NOMA**

2.6 Buka izithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso INGXOXO. Yiphe isihloko esizohambelana nesithombe sakho.

**2.7 ISITHOMBE**



## ISIQEPHU C

**3. Khetha isihloko ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni angama-60 kuya kwangama-80.**

3.1 Uhambe nesikole naya eNiger nisendaweni lapho bungasebenzi khona ubuchwepheshe bethekh'noloji. Bhalela ubaba wakho IPHOSIKHADI umazise kafushane ngokwenzeka lapho.

**NOMA**

3.2 Ubukade usekhaya uzihlalele kwangena ucingo olufuna ubaba wakho umuntu thizeni ongamazi wacele ukushiya umyalezo. Bhalela ubaba UMYALEZO oshiwe yilo muntu.

**NOMA**

3.3 Ziyawushaya kudadewenu omdala ngamaholide kaDisemba. Abazali bakho bakucele ukuba ubhale izimemo zomshado ezizonikezwa abamenywayo. Bhala ISIMEMO.

**NOMA**

3.4 Njengoba ungunobhala esigungwini sabafundi bebanga leshumi nambili usihlalo ukucele ukuba ubhale i-AJENDA wazise amalunga alesi sigungu ngomhlangano ozayo nezinto ezizodingidwa ekuthuthukiseni isikole.

**NOMA**

3.5 Ubuthumele umngani wakho imiyalelo yendlela eza lapho usebenza khona manje usevele wakufonela wakubuza indlela. Bhala INKOMBANDLELA (directions) esuka kuNdlondlo Rd (B) iya eMlekeleli Primary (A) njengoba ikhonjisiwe emephini.

